**INKULUMO KAMPHATHISWA WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL, UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKWETHULWA KWEMISEBENZI YOKWAKHIWA KWAMABHRIJI KWAMAPHUMULO MHLAKA 09 JUNI 2015**

Mphathi wohlelo;
IMeya yesiFunda iLembe, uKhansela uMdabe;
IMeya yaKwaMaphumulo, uKhansela uNgcobo;
USihlalo wekomidi lezokuThutha, umfowethu uKaunda;
Abamele omasipala abangomakhelwane;
Ubukhosi bakwaNodunga;
Ubukhosi baseBangindoda, eShowe;
Amakhansela;
Izinduna;
Abamele imiNyango ehlukene;
Othisa bezikole;
Abantwana besikole;
Umphakathi wonke;

Siyabonga kakhulu ukuthi sithole ithuba lokuba sizohlangana nomphakathi walapha KwaMaphumulo ngaphansi kwesifunda iLembe, sizokhuluma ngezindaba ezimnandi zokuthuthukiswa kwale ndawo.

Usuku lwanamuhla kuthina lufana nokuthi kuqopheka umlando futhi ngethemba ukuthi kunjalo nakunina njengomphakathi ngoba siyazi ukuthi kuningi enisakudinga mayelana nentuthuko.

Okumqoka futhi wukuthi lapha sihlangene nemiphakathi eyakhele indawo yaKwaMaphumulo nendawo yangaphesheya eNgudwini.

Ngakho-ke ngifisa ukubonga kakhulu ukubambisana kobukhosi balapha KwaNodunga kanye nobukhosi baseBangindoda, eShowe.

Lobu bukhosi ngibubonga ngoba bebulokhu bugcizelela ubumqoka bokuba kwakhiwe la mabhriji esize ngawo ngenhloso yokuthi umphakathi owakhele indawo yalapha KwaMaphumulo nowaseMlalazi ukwazi ukuxhumana.

Lokhu kumqoka ngoba siyazi ukuthi imiphakathi eminingi inezihlobo ngapesheya komfula futhi siyaqonda ukuthi ikhona nenselelo yabantwana besikole abawela umfula ukuze bakwazi ukuthola imfundo.

Okubuhlungu kakhulu wukuthi kukhona abantwana besikole asebeke bamuka nalo mfula kanye nezihlobo zenu esezike zalahleka ngenxa yokugcwala komfula uThukela.

ONdabezitha kanye nobuholi buka–ANC kule ndawo sebuveze kaningi ukukhathazeka ngesimo umphakathi wakule ndawo ophila ngaphansi kwaso futhi benxusa ukuba singenelele njengoHulumeni wesifundazwe.

Nangesikhathi semikhankaso yokhetho sihamba singena umuzi nomuzi, abaholi bakaKhongolose ababejutshwe kule ndawo bangibikela njengoMphathiswa woMnyango wezokuThutha ngenselelo ebhekene nomphakathi wakule ndawo.

Ngifisa ukusho ukuthi njengoba sesifikile kule ndawo njengoHulumeni, konke lokhu kuhlupheka sekuzoba ngumlando. Sekuzoba ngumlando ngoba namuhla sizoshiya izinkontileka ezizoqala ukwakha amabhriji amabili, elabahamba ngezinyawo laseMvumase nelezimoto laseMabhobhane.

Sikholwa wukuthi lokhu kuzokwenza ukuthi kube lula ukuxhumana nokuhwebelana phakathi kwemiphakathi eyakhele le ndawo kanye naseMlalazi.

Ngaphezu kwalokho sikholwa wukuthi impilo izoba lula kubafundi abasuke bewela umfula bezofunda ezikoleni iMvumase Primary, eMpungeni Primary, iSiyacothoza Primary kanye naseZithabeni.

Nomphakathi osuke ufuna ukuya KwaDukuza edolobheni, ezitolo KwaMaphumulo kanye nowangapha ofuna ukuya edolobheni eMandeni usuzofinyelela kalula. Lokhu kusho ukuthi ukwakhiwa kwala mabhriji kuzovula amathuba futhi kulethe impilo engcono kubantu abakhele lezi zindawo.

Sikholwa wukuthi ngokwakhiwa kwala mabhriji kuzohlengeka izimpilo zabantu, kuphuculeke umnotho wenu kanye namathuba okufinyelela kwizinsiza ezifana nezempilo njengoba sekuzoba lula ukufinyelela emtholampilo waseQaqeni nowaKwaMaqumbi.

Siyakholwa futhi ukuthi ukwakhiwa kwala mabhriji kuzophucula kakhulu nezinga lokuphasa kwabafundi kulezi zindawo zombili njengoba sebezokwazi ukufinyelela kalula ezikoleni.

Kuleli labahamba ngezinyawo laseMabhobhane lizodla imali engu-R98 million kanti kulindeleke ukuthi kudaleke amathuba emisebenzi angaphezulu kuka-70.

KwelaseMvumase sizofaka imali engu-R8.7 million kanti khona kuzodaleka amathuba emisebenzi abalelwa ku-20.

Kuzona zombili lezi zinhlelo kuzoqashwa abantu basendaweni abakhele la makhosi womabili. Akekho futhi umuntu ozobuzwa ikhadi lenhlangano ngaphambi kokuba aqashwe ngoba uHulumeni kaKhongolose awukhethi iphela emasini, ngowawo wonke umuntu.

Ngaphezu kwala mabhriji amabili, likhona elinye ibhriji esesiphothulile izinhlelo zalo laseNyakana, eMdlebeni KwaDukuza nalo elihlanganisa uDukuza noMlalazi.

Leli bhriji lona lizodla imali engu-R78.8 million kanti silindele ukuthi kudaleke amathuba emisebenzi angaphezulu kuka-40 kubantu bendawo. Lokhu kusho ukuthi izinselelo ezibhekene nomphakathi owakhele umfula uThukela sibhekene nazo ngqo.

Mphathi wohlelo, ngiyafisa ukuba ngikuveze ukuthi kuningi esesikwenzile nakuba isenkulu inselelo esibhekene nayo ngenxa yemiphakathi okunzima ukuthi ixhumane ngenxa yobubanzi balo mfula uThukela kanye nobungozi bezingwenya ezikuwona.

Namhlanje abantu abakhele umfula uThukela eSahlumbe, eMsinga, naseNkandla bangofakazi bokuthi kuningi esesikwenzile kule minyaka edlule njengoba sebewela ngokuphepha kulo mfula.

Lokhu sikwenza phezu kokuba zikhona ezinye izindawo ezibhekene nezidingo ezifanayo esifundazweni sonkana. Sithi kumele abantu bakithi baphume kulolu sizi olwadalwa wukuthi ababusi bangesikhathi sobandlululo abazange bazinake izindawo zasemakhaya, abantu bahlala isikhathi eside benganakiwe.

Kulo nyaka sihlele ukwakha amabhriji angu-14 abahamba ngezinyawo bese sakha ayisikhombisa ezimoto isifundazwe sonke. Lokhu kuyimizamo yokunciphisa usizi olubhekene nabantu bakithi.

Imali engu-R6.8 billion esiyethule esiShayamthetho kulo nyaka yokwakha imigwaqo namabhriji, iningi layo liya ezindaweni zasemakhaya.

Ukufaka kwethu umfutho kufakazela ukuthi uHulumeni kaKhongolose oholwa nguMengameli uJacob Gedleyihlekisa Zuma, awuzange wenze iphutha ngokuthi ubeke phambili ukuthuthukisa izindawo zasemakhaya.

Bheka nje ngoba kulesi funda seLembe sinazo futhi ezinye izinhlelo ezinkulu esizenzayo phakathi kwazo okukhona:

- u-P711 eMthandeni kuya edolobheni KwaMaphumulo esifake u-R328 million;
- u-P104 eGlendale esifake u-R200 million;
- u-P712 eMthandeni kuya eWhite Hill esifake u-R207 million;
- u-D883 eNdulinde esifake khona u-R208;
- u-P714 eSibudu kuya eKingsciffe ngaphansi kweNdwedwe esifake u-R410 million;
- u-P415 eMandeni ozodla u-R65 million;
- u-P100 khona futhi eNdwedwe esifake u-R448 million;
- u-D865 eNewmark eNdwedwe esifake u-R74 million;
- no-D1514 KwaNodonsula khona eNdwedwe ozodla u-R133 million. Kule minyaka embalwa edlule siphuthole ukwakha amabhriji:
- eMdloti ngo-R6.3 million;
- iNkolovuzane ngo-R14 million;
- iNdowengu Isiminya ngo-R14 million;
- nomgwaqo u-P15-1 KwaNtunjambili ngo-R148 million.

Uma sibheka ngokwesifunda sonke ibalelwa ku-R1 billion imali esiyibekele imisebenzi emikhulu kule minyaka yezimali emithathu ezayo.

Mphathi wohlelo, ngiyafisa ukuveza futhi ukuthi indawo yalapha KwaMaphumulo isihlupha kakhulu ngezinga eliphezulu lobugebengu nokubulawa kwabantu.

Kube khona isimo lapho kube nokubulawa kwabantu abakhele izigodi saKwaMzulwini naKwaNdaba nokugcine ngokuthi kube nezigameko eziningi nokuhlumezeka kwabantu abaningi.

Ngiyafisa ukusho ukuthi noma ngabe izimpi zezigodi noma ngabe yini enye engaba ngumsusa wempi, ngeke sakubekezelela ukuthi kube khona abantu abaphila ngokuhlaselana nangokubulalana.

Okuhlasimulisayo ngale ndawo yenu wukuthi nikwazi ukuqhuba izenzo zobugebengu nize nibulale ngisho nezingane zamantombazane ezingenacala njengoba kwenzeka kwabulawa amantombane aKwaNgubane, ngomhlaka 31 December 2013.

Okuhle wukuthi amaphoyisa agcine ekwazile ukubamba abasolwa abenza lokhu futhi sifisa sengathi uma kuyibona babolele ejele.

Uma kukhulunywa ngezindawo ezixakile isifundazwe sonke ngodlame lwamatekisi, indawo yalapha KwaMaphumulo neyaKwaDukuza zihamba phambili.

Selokhu ngangena ukuba uMphathiswa kulo Mnyango, cishe yibona ososeshini esengihlangane nabo kakhulu laba bakule ndawo ngenxa yokuhluleka kwabo ukulawulwa umthetho.

Kusukela ngonyaka ka-2013, sekufe abantu abangaphezulu kuka-20 okuhlanganisa amalungu obuholi nabasebenzi embonini yamatekisi kanye nabantu abangahlangene nhlobo namatekisi kule ndawo.

Phezu kwalaba kukhona nasebekhubazekile ngenxa yodlame lwamatekisi.

Okubi kakhulu wukuthi abasagcini nje ngokubulalana bodwa kodwa sekulimala nabantu abangenacala, abangabagibeli, okubalwa phakathi kwabo ngisho nezingane zesikole.

Umbuzo omkhulu owokuthi, kumele kuze kuchitheke elikabani igazi, ukuze kuphele le mpi?
Alukho uhlobo lokungenelela uHulumeni ongalwenzile kule ndawo njengoba sekuke kwafika ngisho noNdunankulu uqobo lwakhe kodwa kubonakala kunhlanga zimuka nomoya.

Esigamekweni sakamuva, kuvele kwashiswa izimoto kubuka izwe lonke, okukhombisa khona ukuthi laba bantu sebephelelwe onembeza.

Ngihlanganile nezinhlangothi zombili ezilwayo kulo soseshini futhi kuyangicacela ukuthi akubona abantu abazimisele ngokuxolelana nokusebenzisana, kunalokho izinkinga ziyanda.

Ngemuva kokuba ngibe nale mihlangano nabo, ngibe sengihlangana noMnyango kanye namaphoyisa ngenhloso yokuba sibheke izinqumo okumele sizithathe.

Ngifisa ukusho ukuthi noma yisiphi isinqumo esiyofinyelela kuso sethemba nina njengomphakathi ukuthi nizoseseke ngoba sihlose ukuphephisa izimpilo zenu.

Sihlela ukuthi isandla sisiqinise kakhulu kunakuqala futhi ngeke kusaba mnandi ngoba sesibonile ukuthi abantu baKwaMaphumulo abezwa futhi abakwazi ukulawulwa umthetho.

Njengoba sakha nerenki yamatekisi laphaya ezitolo KwaMaphumulo, ngeke savuma ukuthi iyophenduka inkundla yokuchitheka kwegazi.

Ngakho ngiyayaleza kunina ukuthi uma ninezihlobo zenu ezisematekisini, akeningiphathele umyalezo kuzona wokuthi uma bengakhuzeki, intshe selizogaya ngomunye umhlathi.

Ngiyafisa ukunibonga mphakathi ngendlela enisebenzisana ngayo namaphoyisa. Ngemuva kokuba sijube ithimba lamaPhoyisa eliholwa oKlebe, sekuboshwe abantu abangaphezulu kuka-21 kule ndawo abasolwa ngokuba sekhaleni lezehlakalo zamatekisi.

Sengathi ningaqhubeka nokusebenzisana namaphoyisa futhi nani siyanigqugquzela ukuba nibambe iqhaza ezinhlakeni zomphakathi ezilwa nobugebengu.

Sengiphetha, ngiyafisa ukunigqugquzela ukuthi njengoba sibheke esikhathini sokuqala imikhankaso yokhetho loHulumeni basekhaya, sengathi ningaziphatha kahle futhi kungabi bikho ohlukumeza omunye ngenxa yokuthi ukhethe enye inhlangano.

Uma umuntu ekhethe ukushiya inhlangano yakho wakhetha le ephethe uHulumeni ngoba ebona imisebenzi yayo, akumele lowo muntu ajeziswe, kanjalo nabamanye amaqembu kumele bahlonishwe.

Sicela ningasiphoxi, singezwa sekuthiwa kukhona abaphazamise umbuthano wenye inhlangano noma sekukhona abavinjiwe bethi babamba imihlangano yabo.

Sengathi ningaziphatha kahle, sonke sisebenze ngokubambisana ukukhuculula bonke ububi obukhungethe indawo yalapha KwaMaphumulo.

Konke kulele emahlombe enu – uma niziphethe kahle futhi niphila ngokuthula intuthuko izolokhu ingenile njalo futhi nabatshali zimali bazoheheka ukuzothuthukisa indawo yangakini.

**Ngiyabonga**